

PULA IMVULA

>> GROWING FOOD >> GROWING PEOPLE >> GROWING PROSPERITY >>



UAGASTI
2018

UMMBILA – ukukhumbule lokhu ngo-Agasti noSepthemba



Kule athekhili ngithanda ukubala izinto ezimbalwa ezibalulekile eziyimikhuba yokuphatha okufanele uzikhumbula mayelana nokukhiqizwa kommbila.

Njengomkhizi wommbila kufanele ube nenhlosi yokuphumelela isivuno esiphezulu kakhulu esingatholakala esinekhwaliithi enhle yokusanhlamvu. Lokhu akuyona into elula njalo njengoba ziningi izinselelo okufanele ubhekane nazo unyaka wonke. Kodwa ke ikhona imikhuba yokuphatha ongayibeka indaweni engenza le nhlosi iphumelele.

Yini okufanele uyenze ngo-Agasti

Iningi labalimi lisemataswa nokuvuna isilimo sabo ngalesi sikhathi. Isikhathi sokuvuna kufanele kube umuzwa womvuso njengoba manje uvuna izithelo zamandla akho. Uma, kodwa ungawufakanga umfutho ngesikhathi sesizini yokulima ngeshwa lokhu ngeke kube njalo.

Engengxenyeni enku, akukho okuningi okungenziwa ngale sikhathi okungenza ngcono isilimo noma kwandise isivuno sakho. Kepha ziningi izinto wena njengomlimi ongawkazi ukuzilawula kule sikhathi ezingenza ngcono ikhwaliithi yokusanhlamvu okunga ezingoleni nasemasa-keni kanti futhi kungaze kufinyelele kuhwantithi.

- Okukuqala kunakho konke, kufanele uqinisekise ukuthi ummbila wakho uqukethe umswakama ofanele ngaphambi kokuba kuqale ukuvuna. Thatha amasampula ambalwa ngaphambi kuku- ba uqale futhi uhlole umswakama oqukethwe. Ngokuvamile okusanhlamvu kuzovumeleka ukuba kugcina uma kunomswakama oyi-14% noma ngaphansi. Lokhu kungahlukana indawo ngendawo kuya ngemakethe nokusetshenziswa emadeph. Izinto zokugcina okusanhlamvu kumanabhanka lapho komiswa khona ummbila ukuze wome ungomiswa khona ngezindleko ezingeziwe. Ngokuvamile imali idonswa kuleyo oyitholayo.

*Incwadi yeGrain SA
yabalimi abasakhulayo*

Funda ngaphakathi:

04 | Ngabe Ngisebenzisa imali yokuqhube umsebenzi ebolekiwe noma cha?

05 | Hlangana nesibakhetheli owoMlimi woNyaka ka-2018 (Ingxenye 2)





UGOGO JANE UTHI...

Ukulima yisikhumbuzo esimyo sesiyangi nokushova kwempilo – usanda kujeda ukuvuna futhi manje usuhelela isizini entsha.

Unyaka ngamunye siyaqala futhi ngethemba lokuthi sizothola isivuno esihle – njengabalimi ngeke sililahle ithemba ngoba ukholo lwethu ukuthi isizini elandelayo ozokwenza sikhazi ukondla umhlaba.

Miningi iminyaka manje, silokhu sizama ukusiza abalimi abakhulu ukuthola isikweleti sokukhiqiza. Kuhlezi kungenkulu inselelo ngenxa yokuthi inzudo eyenziwa emkhiciqzweni wokusahlamu ngaphansi kwezimo zomhlaba owomile ngempela ayikho phezulu kakhulu. Enye inselelo ukuthi abalimi abanawo amayitela omhlaba ngakho ke abakwazi ukusebenzisa umhlaba wabo njengesivikelo semalimboleko. Nakuba lokhu kuyinkinga ohlangothini lokuthola imalimboleko, kufanele sikhumbule njalo ukuthi uma usebenzisa ipulazi lakho njengesibambiso semalimboleko futhi uma wehluleka ukubhadala imalimboleko, ibhange lizolithatha ipulazi lakho lilidayise ukuze libhadale imali yalo olikweleta yona.

Lokhu kusiphindisa emuva kusisekelo sanoma yikuphi ukulima futhi lokho yisisusa sokwenza inzudo. Sizokwazi ukuchubeka nokulima kuphela uma senza inzudo njalo ngonyaka – kufanele usithole imbuyiselo eningi ngesilimo kunezindleko zokukhiqiza isilimo.

Ezikathini zakamuva, bekukhona ingcindezi enzuzweni yokusahlamu nasemikhiqizo yamasiriyali futhi kufanele ucabange ngokuqaphela ngokuthi yiziphi izilimo esingaba namandla okuzilima ezindaweni ezaahlkeni. Kubalulekile ukuba ubale isamba sezindleko zokukhiqiza isilimo ngokwehektha ngalinye – ngaleso sikhathi i-avareji yesivuno okwaziyo ukuyithola kulesi silimo kuleyo ndawo bese uphindaphinda lokho ngentengo yangaleso sikhathi. Uma izindleko ziphezulu kunemali engenayo olindele ukuyenza lapho mhlawumbe ungacabanga ezinje izilimo. Akuwenzi umqondo ekukhiqiza isilimo ungayitholi inzudo.

Kwezinye izindawo ezinemvula encane, nenhlabathi engadephile, mhlawumbe asikho isilimo ongasikhizi esingangenisa inzudo futhi okungenani ungandisa imfuyo futhi utshale izilimo zefolishi. Lokhu kudinga ukucwaningwa kwepulazi lakho nendawo olima kuyo.

Izikhathini eziningi, amabhange ayenqaba ukubolekisa nge-mali yokukhiqiza ngoba esuka ebona ukuthi awuzukwazi ukwenza inzudo. Akufanele siwathukuthelele nokuthi siwasole ngokuthi awafuni ukukusiza – empeleni bayakusiza ekutheni uphinde ucabangisise ngezilimo okufanele uzitshale. Nabo bafuna ukubona uphumelela. Kudingka sibe nesiqiniseko esiphelele sokuthi singayenza inzudo – ngaphandle kwalokho ngeke sikhazi ukuchubeka nokulima isikhathi eside. Kumnandi ukuthola izbonelelo kuHulumeni, kodwa siyazi ukuthi lezi zibonelelo ngeke ziqhubeke unomphela njengoba kalula rje ayikho imali eyanele yokuhlangabezana nazo zonke izidingo zabantu bonke. Kudingka sikhazi ukwenza inzudo ngaphandle kosizo lwezibonelelo.

Qhubeka nokusebenza kanzima nawe uzoyibona imiphume-la ngokuhamba kwestikhathi!

UMMBILA – ukukhumbule lokhu ngo-Agasti noSepthemba

- Qinisekisa ukuthi ikhombayini yokuvuna isebeza kahle futhi ayikumoshi okusahlamu. Ungakwenza lokhu ngokuhlolola ama-seive nokwenza isiqiniseko sokuthi yonke into imi ngokufanele.

- Qinisekisa ukuthi okusahlamu akufehlezeki ngokusetha ama-beaters ngendlela. Ukufehlezeka kwama-kernels amanangi, kusho ukwehla kwamazinga okusahlamu. Uma emaningi ama-kernel afeliezekile kumasampuli okusahlamu lokhu kusho ukuthi umshini usethelwe ukuhlasela ngamandla futhi udinga ukwehliswa.
- Gwema izindawo ezihiaselwe imbewu yokhula futhi okungenani lezo zingxene ye zivune ngesandla noma uzigcinele ukondla imfuyo. Iningi lalezinhlamvu

Isikhathi sokuvuna kufanele kube umuzwa wormvuzo njengoba manje uvuna izithelo zamandla akho.

zingangena kumasampuli okusahlamu bese zinciphisa kakhulu ikhwalithi yokusahlamu kwakho. Imakethe odayisa kuyo ingaze inqabe ukwamukela ummbila onjalo noma bangakucela ukuba uwuhlunge futhi lokhu kuzokuqedela isikhathi kukudlele nemali.

- Qinisekisa ukuthi umshayeli wakho uqequeshe ngokufanele. Noma usebenzisa ikhombayini edonswa uganda-ganda noma ikhombayini ezihambele



Hlola impahlia yakho yokusebenza ngokuphelele emva kwesikhathi sokuvuna. Ngaphambi kokuba yonke into ikhwezwe eyogcinwa endaweni ezicinwa kuyo qinisekisa ukuthi uyabheka uphinde uqinisekise ukuthi ihlanzekile futhi igcinwa isesimeni esihle sokusebenza.



Qaphela izindawo okuvunwa kuzo ezinokhula oluningi oluyimbewu futhi okungenani lezo zingxenye zivune ngesandla noma uzigcinele ukondla imfuyo. Imbewu eningi ingangena kumasampuli okusanhlamvu iphindie inciphise ngokubonakalayo ikhwalithi yokusanhlamvu kwakho.

yodwa kubalulekile ukuba wena noma umshayeli wakho awejwayele lo mshini osetshenziwayo. Umshayeli ongaqequeshiwe angadala ukuba kulahleke amathani amanangi ngenxa yokugxoba kanye nokungasethwa ngokufanele *kwe-header*.

- Okokugcina qinisekisa zonke izindawo ogcina kuzo okusanhlamvu kwakho kanye nempahla yokusebenza *i-grain carting* isesimeni esihle. Uma kunamagebe ku-*panelling* noma izimbobo ezithombile ensimbini isolahlekkelwa kakhulu. Ngisho noma kunokuvuza okuncane qinisekisa ukuthi uyazivala futhi zivaleke ngendlela efanele. Yonke into encane iyangezeka.

Yini okufanele ukwenze ngoSepthemba

Njengamanje kufanele ukuba ukuvuna kwakho konke sekuphothuliwe. Sizobe sesilindele izimvula zokuqala zasentwasahlobo futhi sizophinda sizilungiselele isizini elandelayo. USepthemba kufanele kube yisikhathi sokuhlela nesokulungiselela kanye nesikhathi sokubheka kusizini yokuvuna yokusebenza ngezindlela zokwenza ngcono elandelayo.

- Hlola impahla yakho yokusebenza ngokuphelele emva kwasikhathi kokuvuna. Ngaphambi koku-ba yonke into ithathwe iyogcinwa qinisekisa ukuthi uyabheka futhi uqinisekise ukuthi zihlanziwe futhi zigcinwe zisesimweni esihle sokusebenza.
- Cubungula isimo sezimali zebhizinisi lakkho emva kokuvuna.
- Bhala phansi ibhajethi yesizini ezayo futhi wenze nezinhlelo ezidingekayo zezimali ukuze ube ne- aksesi kwimali yokutshala futhi nakulo nyaka.

- Yenza isinqumo ngezilimo uzozitshala kumaphi amasimu uphinde idwebe imephu njengereferensi yakho.
- Qala ukuhlelela isizini yakho ezayo ngokubhala uhla Iwezinto ezibalulekile okufanele zensiwe:
 - Oda ama-*inputs*;
 - Hlola i-*spray rig*;
 - Bhekisisa i-*planter* futhi u-ode zonke izipele ezidingekayo;
 - Yenza amasampuli enhlabathi;
 - Qala amalungiselelo enhlabathi;
 - Hlola ogandaganda futhi ubasevise uma isidingo sikhona;
 - Lungisa ikamelo lamakhemikhali; ne
 - Qinisekisa ukuthi imbewu nomanyolo kugcinwa endaweni ephephile, ehlanzekile neyomile.

Ukuba umlimi kuhambelana nokungena emkhubeni omuhle. Kudingeka ukhande isistimu yokuhlela esebezenela wena uqobo futhi uma usuyitholile isistimu esebezayo, kufanele ugxile kuyo. Yonke into yehlela ekusebenzeni kahle. Uma ufaka umfutho wokuphumelelisa ukuhamba kahle kwebhizinisi nakanjani uzoyibona imiphumela uma sekuvunwa.



*I-Athikhili ibhalwe ngu-Gavin Mathews,
i-Bachelor Environmental Management.
Uma ufuna imininingwane egcwele,
thumela i-imelyili ku-gavmat@gmail.com.*

Ngabe Ngisebenzisa IMALI YOKUQHUBA UMSEBENZI EBOLEKIWE noma cha?

Uma uhlala ibhizinisi lokulima, izi-nsiza zokuqala ozidingayo yimali yokuqhuma umsebenzi – leyo yimali. Imali idingelwa ukuthenga indawo, impahla yokusebenza, imishini, imfuyo nokunye.

Ubungako bemali yokuqhuma umsebenzi ozoyi-dinga kuncike kusayizi wepulazi, uhlolo lokulima ozokwenza, indawo kanye nemanye amafektha amanangi.

Emva kokuhlela ibhizinisi lakho usezodinga enye imali yokuqhuma ibhizinisi lakho zonke izi-nsuku. Okuqondiwe ukuthi udinga imali eningi noma imali yokuqhuma umsebenzi okuyilona temu eilungle ongalisebenzisa. Labo esebevele bephakathi kwezolimo bazovuma ukuthi, ukulima ngeline lamabhzinisi abizayo ukuqaqhuma.

Umbuzo ke ovukayo, ngizoyithola kuphi le mali edingekayo? Ngokwemigomo ebanzi imithombo emikhulu yemali mibili. Owokuqala – usebenzisa eyakho imali, noma owesibili imali yokuqala ibhizinisi uyeboleka, kumuntu wesithathu (komunye

umuntu – kungaba ngomunye umuntu noma ibhizinisi). Imali yokuqhuma umsebenzi ekaloyu muntu omunye futhi ke yingakho ibizwa ngokuthi yimali yangaphandle. Lokhu kukubeka ngaphansi kwesibopho sokuyibhadala leyo mali oyibilekile.

Imithombo yemali yakho yokuqhuma umsebenzi kungaba ukuthi ikhona imali yakho ongathanda ukuyitshala ebhizinisini lakho njengemali yokuqhuma umsebenzi wokuqala noma imali yokuqhuma umsebenzi wokukhiqiza. Ngokujwayelekile uma ibhizinisi lakho seliqalile ukusebenza futhi imali yokukhiqiza idingeka njalo ngonyaka. Indlela iyo-dwa vo yokukhipha eyakho imali ngezinhloso zokukhiqiza yingenkathi ibhizinisi lenza inzuzu. Khumbula isisekelo sombuzo – ngiliqhubelani ibhizinisi lami? Ukwenza imali (inzuzu).

Ngeshwa ke, ibhizinisi lokulima, akukhathalekile ukuthi usayizi walo ungakanani, lidanga imali eningi yokuqala bese kuba imali yokukhiqiza mhlawumbe nemali yokwandisa ibhizinisi lakho. Ngaley ndlela, abalimi, noma bebancane noma bebakhulu, ngasosonke isikhathi kudinga imali yokuqhuma umsebenzi evela ngaphandle.

Njengoba sekushivo, ukuboleka imali ngaphandle kusho ukuthi imali kufanele ibhadale nezinye izindleko ezengezi – inzalo. Isikhuno oboleke kuso imali sidinga ukunxeshezelwa ngobungozi esibuthathile ukuboleka wena imali. Ngaley ndlela, ukubhadala kuqukethe imali yokuqhuma umsebenzi kanye nenzalo. Izindleko zokubhadala (inzalo) inciphisa inzuzu yakho futhi sekukonke ukukubhadala kuba nomthelela omubi esimeni sakho se-cash-flow.

Ngaley ndlela, lo mbuzo othi ngabe kufanele yini ukuthi umuntu ayisebenzise imali ebokelekiwe yokuqala ibhizinisi noma cha kufanele ngempela. Isisekelo sempendulo ukuthi – ungayisebenzisi emali yokwebolekwa kwezinye ezikhungo, iyabiza futhi kukubeka engozini. Ku-athikhile yaphambilini saphe-tha ngokuthi isikweleti esingcono ukheshe. Kodwa sonke siyazi, kusukela ulwazini lwethu oluphathe-kayo, ngezinye izikhathi kufanele uboleke imali ukuze ugcine ibhizinisi lakho lisebenza.

Khumbula ukuthi ngokomthetho noma yini oyithenge ngemali yokwebolekwa ekaloyu oboleke kuye kuze kube imali yakhe iyabhadalwa.

Uma wehluleka ukuyibhadala, leyonto noma isilimo sakho singathathwa (singadliwa).

Ukuthatha isinquma sokweboleka imali kudinga ukulawula

okuhle ohlangothini lwakho, okuqala ngokuhlela. Isibonakalo esidinga ukunakwa ukuthi ngabe ngempela unaso isidingo sokweboleka imali, ngabe uzokwazi ukuyibhadala imali kanye nezindleko ezibandakanyekayo. Indlela eyodwa yokuphendula lokhu ukuhlanganisa *i-cash-flow statement*. *I-cash-flow statement* kuzophinda kusize ekunqu-men iuma kwenzeka uboleka imali noma ngabe zikhona ezinye izindlela zokunqoba isidingo semali yokuqhuma umsebenzi.

Siyakwazi ukuhlela nokwenza *i-cash-flow statement* kunhlaho yendawo yezolimo kunzima ngenxa namafektha angaphezu kwamandla ethu. Okufana nesomiso, ukuhlasela komkhuhlane wezinyoni phecelezi *i-bird flu* kanti kamuva sekuyi- *listerioses* ehlasela abakhijizi bezingulube. Kodwa noma ngenjani *i-plan* ingcono kunokungabi nayo *i-plan*.

Ingxene yokuhlelo kwakho ukufuna yonke iminininingwane ezikhungweni ezivumayo uku-kunikeza imalimboleko. Ngabe yini imibandela mayelana nokuvikela, isikhathi sokubhadala, amareyti enzalo nokunye? Bazosidinga isivikelo, mhlawumbe esingaba umhlabu bazosibheka. Sivamise ukuzwa abalimi abasebancane bekhononda ngalokhu. Izikhungo ezebolekisa ngemali zizovuma ukukweboleka izimali uma ungakwazi ukuzinika ubufakazi bokuthi ibhizinisi lakho linayo inzuzu. Ngeshwa, abalimi abancane abawaphathi ngendlela efanele amabhzinisi abo futhi abanawo namarekhodi alungile.

Uma uthole imalimboleko, ingxene ye-*implementation* ukubhadala ngesikhathi. Uma unga-kwazi ukubhadala, xoxa ngakho ngezikathini zonke nomebolekisi wakho njengengxene yomsebenzi wokulawula. Umlimi okhombisa ukuthi uyazi-bophezelu ngokubhadala abakweletayo, lokho kwakha irekhodi lakho elihle lesikweleti. Lokhu kusho ukuthi uyiplayenti enobungozi obuncane futhi usebenzisa umqondo oewehusile wokuthe-na ngesikweleti ukuze aqhube ibhizinisi lakhe.

Ngalokho, ukusebenzisa imalimboleko ngumthwalo obandakanya ubungozi, ngakho ke kudinga ukubhekwa ngokuqaphela. Kodwa njengomlimi kungenzeka ukuthi akukho okuningi ongakwenza ngaphandle kokusebenzisa imali mboleko – kodwa kwenze ngokunakekela.

**I-Athikhili ibhalwe ngu-Marius Greylings,
umbali wePula Imvula. Uma ufuna
imininingwane egcwele, thumela i-imeyili
ku-marius@mcgacc.co.za.**

Hlangana nesibakhethelle OWOMLIMI WONYAKA KA-2018 (Ingxenye 2)

Sekuyiso leso sikhathi esithokozisayo sonyaka futhi lapho abakhethelwe Umncintiswano we-*Grain SA Umlimi woNyaka* beqokwa khona.

Kufanele kuhunjulwe ukuthi inhloso yalo mncintiswano akukhona ukuwina, kumayelana nokubungaza ukufunda, ukukhula, ukuthuthuka nokusebenza kanzima kwezinkulungwane zabalimi kwa-*Grain SA Farmer Development Programme*.

Kuqondwe ukwenziwa njengento eyigugu elikhuthazayo nokusifakela ugqozi sonke ukuze siqhubeke nokusebenza siphokophelele ukubeni ngcono ukuze sifezekise izinhloso zethu, kungakhathalekile ukuthi zinkulu kangakanani. Inhloso yakho akufanele kube ukukhethwa noma ukuwina noma ngabe yini, kodwa kufanele kube ukukhula zonke izinsuku, njalo ngenyanga, kodwa kube ukukhula zonke izinsuku ukuze usondele ekufinyeleleni kwizi-

vuno, inzuzo, kanye nasekusebenzeni kwano-ma iyiphi inhloso ozibekele yona nomndeni wakho, ngokwekhono lokusebenza noma yiziphi izinhloso ozibekele zona nomndeni wakho. Ekugcineni lokho, ukuwina!

Uma bekade ukhethelwe kulo mncintiswano, wenza into elunglele futhi uyisibonelo kwabanye ngalokho okufanele kutholakale. Ngokusho njalo, sithanda ukunethula kwa-bakhethelwe owoMlimi woNyaka ka-2018!

Futhi esibakhethile yilaba...



Abakhethelwe i-Potential New Era



U-Anton no-President Mabaso

U-Anton no-President Mabaso bazalelwu epulazini, i-Krytfontein eSifundeni iBothaville. U-Anton ngomhla ka-20 Febhuwri 1966 noPresident ngomhla ka-7 Julayi 1970. Abazili babo bobabili babengabasebenzi basepulazini futhi banezingane eziyi-11 – abafana ababili namantombazane ayisishiyagalolunye. Bobabili abafo babelokhu bezithanda ezolimo.

Kusukela ngo-2010, bakwazi ukuthola umhlaba kuMasipala waseBothaville ababebonga kakhulu ngenkathi be-

bona ukuthi akulula ukuthola umhlaba eBothaville njengoba kucatshangwa ukuthi umhlaba umqoka ekulimeni izilimo, kodwa futhi ubiza kakhulu.

Ngo-2017, le zelamani ezmibili zajoyina i-*Grain SA Farmer Development Programme*. Bathemela imihlangano eminingi ye-study group, izinsuku zokwabelana ngolwazi nezfundo zokuqequesha. I-*Grain SA* nayo yaqala ukubavakashela emihlabeni yabo. Bazizwa benamandla futhi bekulungele ukulima nangesikhathi seminyaka emine edlule, bathuthukile besuka ku-potential commercial candidates.

Hlangana nesibakhethelwe owoMlimi woNyaka ka-2018 (Ingxenye 2)



U-Paulus Mosia

U-Paulus wazalwa ngomhla ka-22 Septhemba 1968 epulazini e-Vryheid eSifundeni i-Edenville. Wayeyingane yesithupha ezinganeni eziyishumi (abafana abayisithupha namantombazane amane). Ngo-2007, wajoyina i-*Grain SA Farmer Development Programme* futhi ngo-2008, wanikwa ipulazi i-Sterkwater ngokwe-DRDLR i-PLAS Programme.

I-Sterkwater iyisamba sika-200 ha, bese kuthi ama-60 ha kube ngumhlaba olinywayo no-140 ha oyidlelo. U-Paulus uyilungu elikhuthele le-Edenville *Study Group*. Bobabili yena nonkosikazi wakhe, uNomasondo sebehambele imihlangano yama-*study group* eminingi, izinsuku zolwazi nezfundo zokuqequesha. UNomasondo waba neqhaza ekusungulen i-*study group* entsha eHeilbron, manje eseyingxenye ye-*Grain SA Programme*. Bobabili bakusho ngokucacile ukuthi i-*Farmer Development Programme*, yaziguqula izimpilo zabo.

Abakhethelwe owe-New Era Commercial




U-Rykie Raphoto

U-Rykie wazalewa esigodini sase-Rietfontein emihlabeni eyi-trust endaweni eyayibizwa ngeBophuthatswa. Ngenkathi esafunda isikole wayesiza uyise ukulima, ukutshala futhi abheke yonke into ebhizinisi labo lokulima. Ukusebenza noyise ngesikhathi samaholide esikole kwaba nomkhulu umthelela othandweni lokulima aba nalo.

Ngo-1991 u-Rykie wanquma ukuzilimela yena mathupha nendodana yakhe, uWilliam, emsiza ngo-msebenzi wokulima.

Bajoyina iGrain SA ngenkathi i-*Farmer Development* isasungulwa. Emva kokuzabalaza isikhathi eside balithola ipulazi, elibizwa nge-Lareystryd, eduze kwaseLichtenburg esiFundazweni iNyakatho neNtshonalanga balinikwa uMnyango woKwabiwa kaBusha koMhlaba nokuyilapho besalima khona namanje.



U-Jeremia Makhosini Mathebula

UJeremia wazalwa mhla ka-14 Septhemba 1979. Wakhulela endaweni yaseSwepe eduze kwase-Piet Retief epulazini iNgwempisi lapho wayevamise ukusiza khona uyise ekutshaleni ummbila esiqeshini esincane somhlaba wabo. Uyise wayevamise ukutshala i-1 ha wommbila futhi enezinkomo eziyishumi nambili emhlabeni osetshenziswa ngokuhlanganyelwa.

Ukuqala kukaJeremia emsebenzini wakhe wezolimo waqala ngo-2009 ngenkathi eqala ngezinkomo eziyishumi nambili futhi watshala u-40 ha womhlaba wokulima kuphela lapho wathola cishe u-4 warathani ommbila/ha. Okwamanje uphethe izinkomo azizalanisayo ezingama-400 nezitshalo eziyisamba esingama-450 ha ommbila kanye ne-100 ha kabhontshisi isoya. Lo mlimi okhombise ukukhula njalo ngonyaka futhi urenta amapulazi amanangi ukuze akwazi ukutshala ummbila omningi. Ukhulile naye njengomlimi ozimele njengoba ezenzela yena yonke into futhi uyaqhube ka-nokuzihlanganisela lapho nalapho.



U-Paul Malindi

E zolimo bezilokhu zisegazini ku-Paul. Wazalwa mhla ka-21 Juni 1969 epulazini elisesifundeni i-Heilbron lapho abazali bakhe bobalili babengabasebenzi basepulazini. Babeyizingane eziyisikhombisa – abafana abane namantombazane amathathu. Uyise wayefuye izinkomo ezimbalwa epulazini ayesebenza kulo nezaze-luswa uPaul.

Uma ethola ithuba lokuqasha amasimu kwabanye abalimi abamnyama wakwenza ngokushesha lokho. Ngo-2012, i-DRDLR ngokwesistimu ye-PLAS, wanika ipulazi i-Dankbaar. Leli pulazi liyisamba esingama-441 ha bese kuba u-320 ha umhlabathi omuhle wokulima ne-121 ha wedlelo. U-Paul, manje useneminyaka engama-48, urenta u-130 ha womhlaba wokulima kanye no-170 ha wedlelo. Kulo nyaka utshale ama-254 ha kabhekilanga no-216 ha ormbila.



U-Daniel Maqala

U-Daniel wazalelwa epulazini endaweni yase-Ficksburg ezalwa abazali bakhe bobabili babengabasebenzi basepulazini. Babeyizingane ezine – abafana ababili namantombazane amabili. Wayevamise ukusebenza epulezani kusukela esemncane kakhulu, elusa izinkomo, esenga izinkomo epha nezinkukhu ukudla. Uyise wayesha-yela ugandaganda futhi uma kuphuma isikole wayebaleka eye emasimini eyogibela ugandaganda noyise.

Lo mlimi wathenga ipulazi lakhe elingama-197 ha, i-Kosmos, ngemalimboleko ayithatha kwa-Land Bank. I-DRDLR yameseka nge-Die Hoop yohlelo lwe-PLAS – 326 ha kusukela lapho warenta u-186 ha ngomhlaba enamandla kakhulu eseduze kwepulazi lakhe. Njengamanje u-Daniel ulima u-709 ha. Yonke imihlaba elinuya kahle netshalwe ngokuyikho futhi usenze noshintsho wasuka ekubeni ngumlimi waba ngumkhiqizi wokudla, usomabhizinisi nomnininbihizinisi. Utshala izinhlobo ezintathu zezilimo, futhi unenhlanganisela yemfuyo njengengxenyenye yomsebenzi wakhe wokulima.



UThamsanqa Sampie Booizene

U Thamsanqa wazalelwa epulazini eduze kwase-Ottosdal esiFundazweni iNyakatho neNtshonalanga lapho uyise ayesebenza khona njengesibenzii sasepulazini. Akazange afunde, njengoba kwakulindeleke ukuba insizwa esencane isebezeni njengomelusi wezimvu aphinde asize ngokwelusa umhlambi wezimvu.

Waqala ibhizinisi lokulima ngo-1969. Ngenkathi esebezena, wayezongela ngokulima isiqeshana esincane somhlaba, wase ethenga izimbuzi ezimbalwa, izinkomo ezimbalwa futhi wagcina esethenge nogandaganda. Kusukela lapho warenta umhlabi olinuya ngokuhlanganyela futhi nanjenqoba ibhizinisi lakhe likhula kancane kancane ngokuhamba kweminyaka, usekwazile ukuthenga amanye futhi amapulazi amathathu. UThamsanqa ngomunye wabantu abadala e-Zion Christian Church noyinsika yomphakathi. Waziwa kakhulu ngozakwaba abalimela ukudayisa. Uma kukhona abakudingayo kuye, uhlae efisa ukusiza futhi nabo basize uma uThamsanqa edinga okuthile.

Ithimba labahleli

GRAIN SA: BLOEMFONTEIN

46 Louw Wepener Street
1st Floor
Dan Pienaar
Bloemfontein
9301
► 08600 47246
► Fax: 051 430 7574 ▲ www.grainsa.co.za

UMHLELI OMKHULU

Jane McPherson
► 082 854 7171 ▲ jane@grainsa.co.za

UMHLELI UKWABA

Liana Stroebel
► 084 264 1422 ▲ liana@grainsa.co.za

IMIDWEBO, ISAKHIWO KANYE NOKUSHICILELA

Infoworks
► 018 468 2716 ▲ www.infoworks.biz



IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:

IsiZulu,
IsiBhunu, isiNgisi, IsiTswana, IsiSuthu,
IsiSuthu saseNyakatho, nesiXhosa.

Uhlelo IweGrain SA LokuThuthukisa amaFama

ABAQONDISI BENTUTHUKO

Johan Kriel
Free State (Ladybrand)
► 079 497 4294 ▲ johank@grainsa.co.za
► Office: 051 924 1099 ▲ Dimakatso Nyambose

Jerry Mthombohi

Mpumalanga (Nelspruit)
► 084 604 0549 ▲ jerry@grainsa.co.za
► Office: 013 755 4575 ▲ Emelda Mogane

Jurie Mentz

Mpumalanga/KwaZulu-Natal (Louwsburg)
► 082 354 5749 ▲ jurie@grainsa.co.za
► Office: 034 907 5040 ▲ Sydwell Nkosi

Graeme Engelbrecht

KwaZulu-Natal (Dundee)
► 082 650 93157 ▲ dundee@grainsa.co.za
► Office: 012 816 8069 ▲ Nkosinathi Mazibuko

Luke Collier

Eastern Cape (Kokstad)
► 083 730 9408 ▲ goshenfarming@gmail.com
► Office: 039 727 5749 ▲ Luthando Diko

Liana Stroebel

Western Cape (Paarl)
► 084 264 1422 ▲ liana@grainsa.co.za
► Office: 012 816 8057 ▲ Hailey Ehrenreich

Du Toit van der Westhuizen


North West (Lichtenburg)
► 082 877 6749 ▲ dutoit@grainsa.co.za
► Office: 012 816 8038 ▲ Lebo Mogatlanyane

Sinelizwi Fakade

Mthatha
► 071 519 4192 ▲ sinelizwifakade@grainsa.co.za
► Office: 012 816 8077 ▲ Cwayita Mpotyi

Articles written by independent writers are the views of the writer and not of Grain SA.

Hlangana nesibakhethelo owoMlimi woNyaka ka-2018 (Ingxenye 2)



U-David Ramoledeli Mongoato

U-David wazalwa ngomhlaka 11 Okthoba 1970 eMatatiele. Bobabili abazali bakhe babengasebenzi, ngakho ke ukulima kwakunguwo kuphela umthombo wokuthola imali nokudla. Wayelima ngezinkabi futhi etshale ngesandla. Uthando lwakhe kwezolimo lwaqala esengumfana omncane osebenza nabazali bakhe. Le ntshisekelo yakhula ngesikhathi ethola ukufundisa ezolimo ngekharkhulamu esikoleni. Ungasho ukuthi wayedalelwu ukulima.

Waqala umsebenzi wakhe wezolimo ngenkathi efundisa futhi warenta isiqeshana esincane somhlaba lapho aqala

khona ngezilimo eziyisisekelo kanye nemfuyo embala. Njalo ngonyaka lokhu kwakhula yonke imali ayeyitholayo wavyeyihlanganisa waze wakwazi ukurenta i-Donald Drift Farm. U-David isengcono, hhayi ngamasimu akhe kuphela, kodwa nangempahla yokusebenza nama-asethi asewasebenzia njengamanje. Isivuno sakhe siba ngcono unyaka ngonyaka. Wakhula kancane esuka kubalimi abancane waya kuma-smallholder waze wafinyeleta kubalimi asebethuthukile wajoyina i-250 Ton Club. Ukukhula bekwenzeza kancane kancane futhi ngokulandelene. ⚡

Abakhethiwe abahleliwe ngendlela ethile.

I-Athikhili ibhalwe ngu-Liana Stroebel, i-Grain SA Provincial Co-ordinator, eNtshonalanga neKapa. Uma ufuna iminininingwane egcwele, thumela i-imeyili ku-liana@grainsa.co.za.



Pula Imvula's Quote of the Month

There are no secrets to success. It is the result of preparation, hard work, and learning from failure.

~ Colin Powell

